basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**2018**

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-12.**

**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi | (30) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngokucophelela.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

6. Bhala izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.

7. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

8. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.

9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-40 |

10. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

**UMUNTU OPHETHE NAYE KUMELE AKWAMUKELE UKUPHATHWA**

1 Ukuphatha kuwumsebenzi oza nezinselelo eziningi ezidinga umuntu ovuthiwe ngokomqondo futhi ongelona igwala. Yingakho uthola ukuthi abantu abaningi okuthiwa baphethe begcina behluleka ukwenza umsebenzi wokuphatha. Izingcithabuchopho ziye zithi, 'Abantu akudingi ukuba ubaphathe ngoba bazosuke bakusinde kodwa kuhle ukuthi ubahole.'

2 Leli gama lokuba umphathi lejwayelekile ukusetshenziswa ngabantu kepha bengaliqondi ubunzulu balo. Ngakho-ke kumele umphathi kube umuntu okulungele ukwenza umsebenzi wokuba ngumphathi futhi azimisele ukubhekana nezingqinamba ezingaqhamuka emsebenzini wakhe. Angazi noma ukhona yini umphathi wezinto nje kuphela, ongaxhumani nhlobo nabantu? Okubalulekile ekubeni umphathi ukuthi akaphathi abantu kuphela kepha uphatha nezinto ezisetshenziswa yilabo bantu abaphethe.

3 Umphathi wezwe noma umphathi wesifundazwe kumele azi ukuthi kulelo zinga akulo uphethe umnotho wezwe noma wesifundazwe. Umphathi wesikole kumele ahlale azi ukuthi ukuphatha kwakhe kuhambisana nokulungiselela abafundi ukuphila ezweni elinomnotho. Kanjalo nabaphathi basemakhaya okungaba obaba noma omama, kumele bazi ukuthi ukuphatha kwabo emakhaya kuncike ekukhuliseni ingane ukuba ikwazi ukuzimela ngokomnotho uma isikhulile. Inkosi ukuze iphathe isizwe kahle kumele ibe namasu okuthuthukisa umnotho ukuze isizwe sayo singalambi.

4 Ukuphatha kuwumsebenzi onzima futhi odinga ukuzihlonipha nobuntu. Umphathi obukela abantu abaphethe phansi akakwazi ukuba ngumphathi onempumelelo noma kuliphi izinga. Kubukeka sengathi ukuphatha akudingi imfundo yasesikoleni kuphela kodwa kudinga nolunye ulwazi olwehlukile olusekelwe yindlela okhuliswe ngayo. Baningi abantu abake baphatha ngobuqotho nangokuzinikela phambilini abangazange balithole ithuba lokufunda. Ukuphatha kwabo kwazuzisa labo ababengaphansi kwabo umnotho kanye nodumo oluyisimanga.

5 Umbango wokuphatha usudla lubi esikhathini esiphila kusona. Nongebani ufuna ukuphatha. Liningi igazi elichithekayo ngenxa yombango wokuphatha. Kwezepolitiki ikhohlisana ihlomile. Akekho ofuna ukuphathwa omunye. Lo mkhuba usungene ngisho ezindlini zokukhonza imbala. Umbango wokuphatha usudale ukuba abantu abaningi abangasonti bangakuboni ukuya esontweni kuwumkhuba omuhle. Ayisaphathwa-ke eyasezikoleni kunuka umsizi egcekeni. Akukhathaleki ukuba umuntu owesifazane noma cha uma nje igama seliphumile, uhambile wena ogweve nesikhundla sokuphatha.

6 Ukuphatha kuza kubantu ngezindlela ezahlukene. Kwesinye isikhathi umuntu uthi esakhula sibe simlindile isikhundla sakhe sokuphatha. Lowo-ke usuke ezalwe engumphathi ngokokuzalwa. Umbuzo ofikayo ngothi, 'Ukuze abe ngumphathi osezingeni elifanele lokuphatha kumele alungiselelwe kanjani?' Umuntu umane afakwe esikhundleni sokuba ngumphathi engalungiselelwanga futhi engabhekwanga ukuthi ukufanele kangakanani ukuba umphathi. Kwesinye isikhathi ukuphatha lokhu kuba yifa umuntu alishiyelwa nguyise noma nguyisemkhulu bese kulindeleka ukuba abe ngumphathi. Omunye uyaye abone ithuba bese eligxumela alithathe alibambe ngazo zombili abe ngumphathi.

7 Kunezindlela eziningi lapho abanye abantu bezithola sebeqhoqhobele izikhundla eziphezulu. Abanye babuka isigubo somuntu bese bemgixabeza ngesikhundla. Zonke lezi zinhlobo zabaphathi esezibaluliwe ngenhla zibalulekile ngandlela thile ekuthuthukiseni umphakathi. Akekho noyedwa umphathi ophathela ukushabalalisa lokho asuke ekuphethe kunalokho uyakuthuthukisa. Pho umphathi ukwenza kanjani lokhu? Ukwenza ngokuba ahambele imihlangano ehlukahlukene ethuthukisa amakhono okuphatha nokuphathwa. Uyaqinisekisa ukuba izeluleko zalabo abaphethe angazifeli amathe. Umuntu ongumphathi ubonakala ngokuthi naye aphatheke futhi alawuleke uma kunesidingo. Umphathi kumele **afane nokhezo lona oluthi luphethe kepha lube luphethwe**.

8 Emuva kokuba izwe laseNingizimu Afrika lithole inkululeko abantu bomdabu sekuyibo abaphethe izikhundla eziningi futhi ezilawula izwe. Banelungelo eligcwele lokuphatha bevunyelwa nawuMthethosisekelo kanye nesimo sezwe. Ukuphatha noma yikuphi kuhambisana nezinga elithile elamukelekile emhlabeni jikelele. Kubalulekile ukuba sihlale sizibuza ukuthi zingaki izikhungo zemfundo ezilungiselela abafundi ukuba babe ngabaphathi. Kudala bekwaziwa ukuthi kunezikhungo zemfundo ezithile ezikhiqiza abafundi abasezingeni lokuphatha. Abazali babehamba amabanga amade beyisa izingane zabo kulezo zikhungo ezazikhiqiza abaphathi abanohlonze, abacabanga ngokwezinga elithile. Sesiphelile isikhathi sokuba ucilo azishaye endukwini uma kufunwa umphathi.

[Icashunwe yabuye yahunyushwa ephepheni i-Bayede yangoMbasa 2017]

1.1.1 Kungani abantu abaningi kuthiwa bayahluleka ukwenza umsebenzi wokuphatha? Bhekisa impendulo yakho esigabeni soku-1. (2)

1.1.2 Yikuphi okubalulekile okumele kwaziwe umuntu othi ungumphathi? Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-2. (2)

1.1.3 Nikeza amaphuzu AMANE ezinhlobo zabaphathi okukhulunywa ngazo kulesi siqephu. (4)

1.1.4 Khetha impendulo enembayo kulezi ozinikeziwe ngezansi.

Kunuka umsizi egcekeni kuchaza …

A ukushayana.
B ukushisana.
C ukubhala.
D ukudubulana. (1)

1.1.5 Chaza inhloso eyenza ukuba izingcithabuchopho zibeke ngendlela ezicashunwe ngayo esigabeni soku-1. (3)

1.1.6 Humusha umqondo oqukethwe isitatimende esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-7 uwuqhathanise nomqondo oqukethwe yilesi siqephu. (2)

1.1.7 Chaza umqondo oqukethwe umusho wokugcina kulesi siqeshana. (2)


1.1.8 Ngokucabanga kwakho ngabe ukuphatha kwabantu bomdabu emkhakheni eyahlukene kuleli zwe kungokufanelekile yini? Sekela impendulo yakho ubhekise esigabeni sesi-8 (2)

1.1.9 Phawula unikeze isisombululo ngekhambi elingaqeda ukubangwa kwezikhundla emikhakheni eyahlukahlukene yezokuphatha. (2)


1.2 Bukisisa le mifanekiso emayelana namazinga okuphatha nokuphathwa bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.



2.




3. UKUBEKWA KWENKOSI ESIHLALWENI



[Zicashunwe ku-inthanethi]

1.2.1 Chaza okwenzeka esithombeni soku-1. (2)

1.2.2 Nikeza UMEHLUKO oqukethwe izinga lokuphatha elingu-3.1-A kanye nezinga lokuphatha elingu-3.1 B. (2)

1.2.3 Qhathanisa okuqukethwe isigaba sesi-6 UMBHALO A kanye nokuqukethwe isithombe sesi-3 UMBHALO B. (2)

1.2.4 Phawula ngenkolelo engaguquki ehambisana nokuqukethwe isithombe sesi-3. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nosizo lwezihlahla emphakathini.

**IMIYALELO:**

1. Fingqa amaphuzu agqamisa usizo olulethwa izihlahla emiphakathini esiyakhele. Sebenzisa amagama akho angeqile kwangama-80.
2. Fingqa ngesigaba.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UMBHALO C**

**IZIHLAHLA ZIWUSIZO OLUKHULU EMIPHAKATHINI ESIYAKHELE**

Uke ucabange ukuthi unganjani umhlaba uma izihlahla zingekho? Impendulo ilula nje ungaba mubi futhi ube yisiganga esibi esiwugwadule. Umdali wayecabange kahle uma edala izihlahla njengemvelo evikela abantu kanye nezilwane.

Ukuqhakaza kwezihlahla kukhombisa noma ubani ukuthi seliyathwasa ihlobo. Izihlahla zihlobisa umhlaba ube muhle uhlobe ngemibala egqamile yekhethelo. Kusuke sekungenwa esikhathini esisha sonyaka. Kushintsha isimo sezulu kuphele amakhaza kuqale ukushisa, abantu baqale ukugqoka izingubo ezilula eziveza umzimba. Ziqhakaza nje izihlahla kungenxa yemvula eba yinala eyenza izihlahla zijabule zithi zibonwa yini emuva kwesomiso esisuke sixakile esikhathini sasebusika.

Isayensi iyingxenye yokuphila kwabantu kwansuku zonke. Ngakho-ke likhulu iqhaza elibanjwe yizihlahla ngokwesayensi. Zihlanza umoya ongcolile zibuye zikhiqize ohlanzekile ophefunyulwa izidalwa ezahlukene. Phela umoya okhishwa ngabantu uma bephefumula i-*carbon dioxide* yiwona odingwa yizihlahla uma ziphefumula. Izihlahla zona zikhipha lo moya odingwa ngabantu uma bephefumula i-*oxygen.* Impela isayensi iyisimanga sento.

Izimvula ezinamandla zivamile kakhulu esikhathini sasehlobo. Kwesinye isikhathi zike zidale inhlekelele kumuke izindlu, kuguguleke imigwaqo, abantu balahlekelwe yikho konke. Abanye baze bathathwe abaholi bemiphakathi babakhoselise ezindaweni zemiphakathi ezifana namahholo. Esikhathini esiningi izindawo ezikhinyabezwa yilesi simo ezisuke zingenazo izihlahla eziqinile kepha ezinezihlahla eziqinile zivamise ukusinda. Izihlahla zivikela ukuguguleka komhlabathi okwenziwa yizimvula ezinkulu noma yizivunguvungu zomoya onamandla.

Isizwe sabantu bomdabu sinabelaphi bendabuko abasiza ukwelapha abantu uma begula. Abalaphi bendabuko basebenzisa zona izihlahla ukwenza amakhambi okwelapha izifo ezinhlobonhlobo. Ukungazi lutho ngamakhambi kungenza ubuke isihlahla useye ngoba ungawazi umsebenzi waso. Kuzothi uma sekufika abelaphi bendabuko bafike bathole elibalulekile ikhambi lokwelapha isifo esibucayi. Amathwasa kanye nezinyanga ezisangena ekwelapheni ziyafundiswa ngezinhlobohlobo zezihlahla kanye nemisebenzi yazo ekwelapheni.

Ukubaluleka kwezihlahla akugcini kuphela kubantu kodwa nezilwane ziyasizakala kakhulu ngokuba khona kwazo. Phela izilwane zasendle azifani nezilwane ezifuywayo zona ezakhelwa amahhoko, amagoqo kanye nezibaya. Izilwane zasendle zethembele kakhulu ezihlahleni ukuthola ukudla kanye nompheme wokukhosela uma kushisa ilanga. Izinyoni zakha izidleke emagatsheni kanti izilwane ezifana nezinkawu zona zilala kuwo la magatsha.

Uhulumeni ugqugquzela kakhulu ukuthuthukiswa koMnyango wezoLimo, okuwumnyango obungasanakiwe kakhulu. Izihlahla ziyibhizinisi elingenisa imali kubalimi asebemnkantshubomvu kanye nabasafufusa. Amagxolo ezihlahla asiza ekwakhiweni kwephepha. Izingodo ezisala uma sekuxetshulwe lawo magxolo zisiza ekwenzeni ifenisha enhlobonhlobo.

Abantu yize benawo amakhaya kodwa nabo bayazidinga kakhulu izihlahla. Ziwumpheme wokukhosela abantu esimeni esingezinhle zezulu. Bakhosela kuzo uma beficwa yimvula besendle. Baphinde bathole umthunzi kuzo uma likhipha umkhovu etsheni.

Le misebenzi eminingi kangaka eyenziwa yizihlahla ikwenza uqonde ukuthi kungani izihlahla zibaluleke kangaka.

[Umbhalo wokuziqambela]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)




[Icashunwe ku*Bona* Magazine yabuye yahunyushwa]

3.1 Kungani kubalulekile ukuba umkhangisi abhale unyaka lo mkhiqizo owasungulwa ngawo? (2)

3.2 Chaza kafushane umsebenzi owenziwa i-*Plush Supreme* ezindlini kanye nakubantu abawusebenzisayo lo mkhiqizo. (2)

3.3 Chaza lesi sitatimende, 'Susa ingcindezi nge-*Plush Supreme*' ubhekise kokwenzeka kulesi sikhangisi. (2)


3.4 Ucabanga ukuthi ukusetshenziswa kukababa nengane kulesi sikhangisi kuzoba namthelela muni kubathengi? Sekela impendulo yakho. (2)

3.5 Phawula ngesu lomkhangisi lokukhangisa izigubhu ezahlukene zalo mkhiqizo esikhangisweni sakhe. (2)
**[10]**

**UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO E (UMBHALO OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Sithathwe sabuye sahunyushwa ku-inthanethi]

4.1 Shono ukuthi umlingiswa oyiqhude kanye nomlingiswa oyisikhukukazi bameleni ngokwempilo yomndeni kule khathuni. (2)

4.2 Chaza kafushane okubangela ukuba umlingiswa oyiqhude aphimise le nkulumo esesibiyelweni. (2)

4.3 Chaza ukusetshenziswa kwenkolelo engaguquki etholakala kule khathuni. (2)

4.4 Humusha umyalezo oqukethwe ukuchanyiselwa kwendlovu kule khathuni. Sekela impendulo yakho ubhekise kowesifazane ohlukunyezwayo. (2)

4.5 Phawula ngenkulumo yowesifazane okule khathuni. (2)
**[10]**

## UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

### UMBHALO F

**UKUZISEBENZA**

Ukuziphilisa ngokuzisebenza kuyakhula kuleli laseNingizimu Afrika. Amathuba atholakala kunoma imuphi umkhakha, okungaba owezezimali, owezobuchwepheshe nowezemfundo, **njalonjalo**.

Ukuzisebenza kunamathuba amaningi ngaphezu kwawasemsebenzini osuke uqashwe kuwo ngokugcwele. Ukuzisebenza kukunika namahora amaningi ongawasebenzisa ngokukhululeka futhi ukwazi nokukhetha eminye imisebenzi oyithandayo. Uma ufuna ukuzisebenza ungaqala ngokuxhumana nabanye abantu ubabonise nomsebenzi owenzayo. Izinhlangano ezifana neSOUTH AFRICAN FREELANCERS ASSOCIATION yizona ezingakusiza ukukulekelela ngoba zisiza labo abafuna ukuqala ukuzisebenza. Ungaphinde uzisebenzise lezi zinhlangano ukukukhangisela umsebenzi wakho.

Kungumqondo omuhle ukuzisebenza futhi uyakhokhelwa ngakho. Ukukhokhelwa kwakho kuncike ekuthembekeni kwakho kanye nasezingeni lomsebenzi owenzayo. Kunobufakazi **obungephikiswe** ukuthi ikhona imali kanye namathuba kulolu hlobo lomsebenzi.

Akukho soka lingenasici ngoba nalokho okuthembekile emehlweni abantu kuyaba nawo amaphutha. Inkinga evamise ukuba khona uma uzisebenza imali engenayo ongeke wakwazi ukuyiqinisekisa. Lokhu kusho ukuthi kudingeka ukuba **ube nendlela** ongenza ngayo eminye imisebenzi yokuziphilisa wena nomndeni wakho. Ungakwenza lokhu ngokuthi uthathe imisebenzana ezokungenisela imali. Khumbula ukuthi akunsimba yazuza ibuzi ngokuhlala. Ngokwenze njalo kugcina sekuvumbuka amanye amakhono abelele.

[Sicashunwe ku*Bona* Magazine sabuye sahunyushwa]

5.1 Nikeza umqondo oqukethwe isakhi esidwetshelwe esitholakala emgqeni woku-1 (1)

5.2 Nikeza isifinyezo segama elibhalwe ngokugqamile elitholakala emgqeni wesi-3. (1)

5.3 Bhala umusho odwetshelwe osemgqeni wesi-6 kuya kowesi-8 uqale ngala magma:

Ungaqala ngokuxhumana … (2)

5.4 Guqula leli gama elibhalwe ngokugqamile emgqeni we-14 likhombe ukuvuma. Phinda ulisebenzise leli gama emshweni ozakhele wona ukuze kubonakale ukuthi incazelo yalo uyayiqonda kahle. (2)

5.5 Ibinzana lamagama elibhalwe ngokugqamile emgqeni we-18 linezincazelo ezahlukene.

Khetha incazelo eshaya emhlolweni ehambisana nalesi siqeshana …

A ukuthatha uhambo.
B ukuba neqhinga.
C ukubeka ngobuciko.
D ukuvula indlela. (1)

5.6 Nikeza umsebenzi wegama elidwetshelwe elitholakala emgqeni we-12. (1)

5.7 Nikeza incazelo yesaga esidwetshelwe esigabeni sokugcina. Phinda usisebenzise isaga emshweni ozakhele wona ukhombise ukuthi uyayiqonda incazelo yaso. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**